## ISIQEPHU A

1. Fundisisa zonke izihloko ozinikeziwe bese ukhetha esisodwa ozobhala ngaso ungadluli emagameni anga-190 kuya kwanga-240.

1.1.1 Ngangingazi ukuthi ngiyoke ngiwubone umshado wabantu abangubulili (gender) obufanayo. Ngelinye ilanga umakhelwane wasekhaya wangimema emshadweni womzala wakhe owayeshada nobuntu abanobulili obufanayo. Bhala uxoxe ngalo mshado.

1.2 Ubuhle nobubi bendalo nezitshalo ezimpilweni zabantu kanye nezilwane lapha emhlabeni.

1.3 Ngangihamba ngihleka ngedwa mhlazane ngiyolanda imali yami ye-Lotto engangiyiwinile. Bhala uxoxe ukuthi wena yini ongayenza uma ungase uwine imali eningi ku-Lotto.

1.4 Mhlazane umndeni wami uvinjezelwa (got stuck) iqhwa (snow) ezintabeni zoKhahlamba (Drakensberg Mountains) kade uvakashele khona.

1.5 Buka izithombe ezilandelayo bese ukhetha ESISODWA ozobhala ngaso indaba yakho. Qiniseka ukuthi uyinika isihloko indaba yakho.



## ISIQEPHU B

2 Khetha isihloko ESISODWA kulezi ezilandelayo ubhale ngaso. Okubhalayo amagama ANGADLULI kwangama-80 kuya kwayi-100.

2.1 Kukhona umngani wakho ebeniloku naqala ukufunda naye esikoleni esincane (Primary School) obefana nomfowenu/dadewenu. Abazali bakhe bacele wena ukuthi ubhale UMLANDO KAMUFI wakhe ozowufunda esontweni.

NOMA

2.2 Njalo uma uya esikoleni uhlale udlula kulo muzi uzwe sengathi kukhona okhalayo. Ngolunye usuku walunguza ngewindi wabona isimo osibona la. Wakhipha umakhalekhukhwini wakho wathatha . Bhala INCWADI eya eMnyangweni wezeNhlalakahle ubabikele mayelana nalesi simo.

NOMA

2.3 Ungumfundi owenza izifundo zokuphela e- D.U.T. Lapha eThekwini kuzoba nomcimbi we-African Renaissence ngenyanga kaJuni ozobe wenzelwe e-I.C.C. Niceliwe ukuthi ukuthi niphekele izicukuthwane zalo mcimbi. Bhala IRESIPHI yokudla ozokupheka wena.

NOMA

2.4 Buka izithombe ezilandelayo bese ukhetha ESISODWA zobhala ngaso INGXOXO yakho. Yinike isihloko ingxoxo.



## ISIQEPHU C

3. Khetha isihloko ESISODWA VO kulezi ezilandelayo ubhale ngaso kungeqi emagameni angama-60 kuya kwangama-80.

3.1 Bhala **IMEMO** uyibhekise kubantu enisebenza nabo ubakhumbuze ukuthi kuzobe kukhona isikhulumi esicelwe inkampani ukuthi sizobaqwashisa sibahlomise ngamakhono okuphatha imali kulesi sikhathi sokwehla komnotho ezweni.

NOMA

3.2 Emva kokuqeda ukufunda awuwutholi umsebenzi. Ngosizo lokuxhaswa uhulumeni usuthole imali yokuvula ibhizinisi lakho. Bhala **ISIKHANGISI** ozosikhipha emaphepheni ukhangisa leli bhizinisi.

NOMA

3.4 Isikole owawukade ufunda kuso sikumemile ukuthi ube isikhulumi sosuku mhlazane kwenziwa umcimbi wokuhlonipha nokuvalelisa uMatikuletsheni kulesi sikole. Bhala **i-E-MAIL** ubonge ukumenywa kwakho usho nokuthi uyasivuma noma uyasiphikisa yini isimemo.

NOMA

3.5 Bhala **IFEK'SI** oyibhekisa enkampanini enilethela ubisi emsebenzini wakho ukhononde ngokuthi njalo lolu bisi lwabo selufika sesedlule kudala isikhathi sokuphuza itiye. Lokhu kuyaphambuka entweni enanivumelane ngayo ngenkathi niqala ukwenza isivumelwano.

NOMA

3.6 Bhala **ISIMEMO** umeme umzala wakho emcimbini wakho wosuku lokuzalwa.

(20)

ISAMBA [100]